A UGenesisi nobuhedeni:

- **Ukudala kwamanye amasiko.**
  - UGenesisi 1-2 akuyena yedwa okhuluma ngokudalwa kwabantu. Ku khona neminye imibhalo njenge *Atra-Hasis* epic, esitshela ngolwazi lwama Akkadian lwendalo. Ama Egyptians nama Greeks nawo ayenolwazi lwawo lwezindaba zokudala.
  - Zonke zinokuhambisana okuthile no Genesisi (isibonelo , ukusetshenziswa kobumba), kodwa futhi zinomahluko omkhulu.
  - Kulezindaba ezingekho eBhayibhelini, umuntu wadalwa ngomoya wokuzicabangela, noma ngokuqhudelana phakathi kwawonkulunkulu. Lokhu wukuhlubuka kobuhedeni.
  - Wu Genesisi kuphela ositshela ngokudalwa kwabantu ngenxa yothando lukaNkulunkulu uMninimandla, futhi engenakho ukuzicabangela neze.
- **Ukudala nezithixo.**
  - Kungani iLanga neNyanga zingabizwanga ngamagama?
  - Emasikweni amaningi, iLanga neNyanga kwakuyizithixo ezaba nesandla ekudalweni komhlaba kanye nabantu. Ngakho ke, lezo zinkanyiso zaphezulu zazikhonzwa cishe kuwo wonke amasiko.
  - UGenesisi uyakucacisa ukuthi, singaholeleki ekukhonzeni izithixo: UNkulunkulu wazidalela umsebenzi othile, kwakuyizinkanyiso kuphela ezingenampilo noma amandla okudala nakancane.
  - Akukho badali abehlukahlukene ekudaleni okufanele sibakhonze. Akukho kuzenzekela nakuguquguquka. Konke kwadalwa ngenjongo (Isaiah 45:5, 18). WuNkulunkulu kuphela, onguMdali wethu, okufanele simkhonze.

B UGenesisi kanye noMhlaba:

- **UMhlaba oyisicaba?**
  - Ku nabantu abakholelwa wukuthi umhlaba uyisicaba ngenxa yokufunda izindimana ezifana nalena eku Job ngendlela eqondile. Okungathi usekelwe yizinsika zangempela futhi unamagumbi amane (buka iSambulo 7:1).
  - Nanoma sazi ukuthi uMhlaba uyindilinga hhayi isicaba (Pr. 8:27; Is. 40:22), sisawasebenzisa amagumbi omane. Sisasho futhi nokuthi iLanga liyaphakama futhi lishone, nanoma sazi ukuthi uMhlaba yiwona ozungeza iLanga. Asisebenzisi amazwi esayensi uma sisho kunjalo. Ngokufanayo, zikhona izinkulumo eziseBhayibhelini ezisebenzisa amazwi ajwayelekile kunawesayensi.
- **Umhlaba osemusha?**
  - Kukhona nezizukulwane eziningana eziseBhayibhelini eziphakathi kuka Adam no Abraham: uGenesisi 5 no 11, 1 iziKronike 1:1-27 no Luke 3:23-38.
  - Okunikwe kuzo amagama kanye neminyaka, ukuze sikwazi ukubala ukuthi kwaba yisikhathi esingakanani phakathi kuka Adam no Abraham.
  - Uma sihlanganisa leminyaka, singathola ukuthi u Abraham waphila nini.
  - Ngokosiko lwama Juda, ukudala kwenzeka eminyakeni eyizi 5,780 eyedlule. Lokhu akuhlolisiswanga ngokuphelele 100% , kodwa singaba nombono wokuthi umhlaba unangaki.

C UGenesisi kanye neBhayibheli:

- **Ukudala eBhayibhelini lilonke.**
  - Amandla kaNkulunkulu okudala ashiwo njalo e Testamenteni elidala. Isibonelo, incwadi ka Isaiah inezindimana ezingaphezu kwe 10 ezikhuluma ngoNkulunkulu onguMdali. (Is. 42:5; 43:1, 7, 15, 21; 45:8; 54:16, 56:7; 57:16; 65:17, 18).
  - Izahluko zokuqala eziyi 11 zika Genesisi zicashunwa kaningi ngu Jesu nabapostoli e Testamenteni elisha (Mt. 19:4-5; Mr. 10:6-9; Lk. 11:50-51; Jn. 1:1-3; Acts 14:15; Ro. 1:20; 2Co. 4:6; Eph. 3:9; 1Tm. 2:12-15; Jm. 3:9; Jud. 11, 14; Rev. 2:7; 3:14; 22:2-3).
  - Kuyakhulunywa ngokudala ngisho nasezimfundisweni eziyisisekelo ezibalulekile njengesono kanye nokuhlengwa (Romans 5:12-19).
  - IBhayibheli lalingeke libe nasisekelo nokwethembeka ngaphandle kwesisekelo esiwu Genesisi.